

Home > News > Pinetown and Hammarsdale Izindaba

NEWS PINETOWN AND HAMMARDALE IZINDABA

## Uhlabeke umxhwele ovezokuThuthukiswa koMphakathi

May 19, 2022

👁 7 🗣 0



Kusukela kwesokunxele uNks Yolisa Ndima (Imenenja yakwa-NDA kulesi sifundazwe), uNgqongqoshe uNks Lindiwe Zulu, uNks Thanda Gqwaru (Silokotho Cooperative CEO), uNks Nellie Vilakazi (iNhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kulesi sifundazwe kanye noNks Susan Khumalo (NDA COO).

- Advertisement -

**UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkz Lindiwe Zulu, obevakashele iSilokotho Primary Cooperative njengengxenye yesabelomali sakhe sika- 2022 ngoLwesihlanu ngoLwesihlanu olwedlule uhlabeke umxhwele ngendlela lo mfelandawonye osebenza ngawo ekudaleni amathuba omsebenzi.**

Lo mfelandawonye, ozinze ePinetown entshonalanga yeTheku, ungumfelandawonye wabamnyama okhiqiza izinto zokuzivikela, kanye nemikhiqizo yendwangu yobuchwepheshe.

iSilokotho sasungulwa eMlazi ngo-2011 ngamatungu ama-co-operatives amahlanu (abesifazane abathathu nabesilisa ababili), abamukela inselelo yokuntuleka kwemisebenzi elokishini kanjalo nodaba lwezingane ezizintandane ngenxa yokusabalala kwegciwane lengculazi.

Umfelandawonye, okumanje uqashe abantu abangamashumi amathathu, iningi labo okuyintsha baselokishini laseMlazi, usukulungele ukukhula futhi uzitholele amakhasimende awo, uzitholele ezawo izimpahla futhi ungene ezimakethe ezintsha.

I-National Development Agency (NDA) ixhase iSilokotho Primary Cooperative ngemali engu-R479 836.50 yokuthenga amathuluzi nemishini ezokwenza bakwazi ukungena ezimakethe ezinkulu nezizinzile. Ezinye izinkampani eThekwini sezizwakalise ukuthi ziyakuthakasela ukusebenzisana neSilokotho uma sekukhona amandla okukhiqiza ngezinga elidingekayo. I-NDA ifuna ukwenza isiqiniseko sokuthi iSilokotho sifinyelela esikalini esidingwa yimakethe futhi sikhulise umthamo waso wengqalasizinda.

"Silapha namuhla njengengxenye yomsebenzi we-NDA wokuqinisekisa ukuthi bayaweseka imifelandawonye ukuze isize ukuqedu ubumpofu eNingizimu Afrika. I-NDA isisiza ukuthi sifezekise inhloso kahulumeni yokudala amathuba emisebenzi esimeme.

Sifuna abantu bakithi bathole ukwesekwa kuhulumeni ukuze bakwazi ukuziphilisa futhi iSilokotho siyakwenza lokho. Baqasha abantu abasha futhi banezinhlelo zokuyikhulisa ezizobabona bekhula futhi badlulele ezimakethe ezinkulu futhi baqashe abantu abaningu. Ngiyawubonga lo mfelandawonye ngokuba yisibonelo senhloso yokuxhaswa nguhulumeni ngezimali ezinhlelwani ezisimeme," kusho uNks Lindiwe Zulu.

Ngaphambilini uNgqongqoshe enkulumeni yakhe yeVoti leSabelomali uveze ukuthi i-NDA izokwabelwa izigidi ezingama-R219 kwisabelomali ukuze kuqinisekiswe ukuthi Izinhlangano Zomphakathi (kuhlanganise namadlelandawonye) ziyasekela emzamweni wazo wokuthuthukisa inhloso kahulumeni yokuqedu ubumpofu eNingizimu Afrika. UNgqongqoshe uveze ukubaluleka kwe-NDA yokwese ka imizamo kahulumeni yokudala amathuba emisebenzi:

" Njengoba izinkampani zehlisa noma zivala ukusebenza kwazo, i-NDA izokwakha amathuba emisebenzi angu-3 000 kulo nyaka wezimali. Kulokhu, ezi-2 300 zizokwakhiwa ngokuqaliswa koHlelo Lwamavolontiya oluzoxhaswa ngePhakeji likaMongameli Lokugqugquzelu Ukuqashwa."

I-NDA izimisele ukusebenzela ukudala amathuba emisebenzi kanye nokwese ka imifelandawonye efana neSilokotho ezoqinisekisa ukuthi isu lokudala amathuba emisebenzi likhiqiza imisebenzi esimeme futhi lisekele ukufukulwa kwabesifazane nentsha. Ngaphezu kwalokho, i-NDA i      |      kuthi lokhu kungafezwu kuphela uma uhulumeni, izinhlangano zomphakathi kanye namabhizinisi beqh      :ka i      :wakha ubudlelwano obuzoletha imiphumela esimeme.

**04321240**